**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abafundi bayacelwa ukuba bafundisise kahle lemiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa
   ISIQEPHU B: Ukufingqa
   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi

3. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.

4. Qala umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo ukusiza wena kanye nalowo ozobe ehlola umsebenzi wakho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

Ukuzethemba akuyona into ovuka usunayo, kodwa kuyinto eyakhiwayo, hhayi ngezitini kodwa ngokuzithuthukisa nangokulalela abanye abantu ukuthi bathini ngawe.

Ukuqala usuku nje kuyatshengisa ukuthi ungumuntu onjani. Ukudla okudlayo ekuseni, ukuzivocavoca ngaphambi kokuya emsebenzini kubalulekile ekubhekaneni nosuku ngokuzethemba. Umuntu ozethembayo ngumuntu owaziyo ukuthi uzogqokani ngosuku olulandelayo futhi aqaphele ukuthi lokho azokugqoka kuhambisana kanjani nosuku lwakhe. Ngakho-ke indlela ogqoka ngayo iyakusho ukuthi ungumuntu onjani.

Uyaye uzwe umuntu enconywa ngapha nangapha kanti kwesinye isikhathi bayamhleka nganxanye. Wena-ke okumele ukwenze ukuthi udamane uzihlola wena uqobo ukuthi usahamba kahle. Lokhu ukwenza ngokuthi ube nohlu lwezinto ozenzile empilweni futhi zakubeka ezingeni osukulo, uphinde ube nolunye uhlu lwezinto eziyizingqinamba ezikuvimbela inqubekela phambili. Zama ukuhlala kulezo ezikwenza kwehle izinga lokuzethemba bese uyazilungisa ngoba uma uziyeka zingakudonsela phansi.

Umuntu ozethembayo ngumuntu okwazi ukuhlalisana kahle nabanye abantu ngoba akabi nako ukuzenyeza noma angabafica behleka kade engekho. Uma ezohlangana nabantu noma ngabe kusemgwaqweni noma emsebenzini kumele abe nobuso obuhle. Ubuso yisona sitho somzimba esikuchazayo ukuthi ungumuntu onjani. Kubalulekile-ke ukuthi uhlale umamatheka. Lokhu akwenzi kuphela ukuthi abantu bakuthande kodwa kuthuthukisa izinga lokuzithemba wena uqobo lwakho.

Ukuzethemba kuyavela futhi nangendlela okhuluma ngayo nabanye abantu noma nangendlela owethula ngayo inkulumo ethile ikakhulukazi uma uceliwe ukuba ube yisikhulumi. Ngaphambi kokuba wethule inkulumo kumele uqale uyethule uwedwa phambi kwesibuko, uphindaphinde lokho okubhalile uze uzicabange ukuthi usuphambi kwabantu uqobo. Uyothi uma usuyethula phambi kwabantu uyobe usunokuzethemba, nabantu abakulalelayo babone ukuthi uyakholelwa yilokhu okushoyo.

Impilo iyinto eqhubekayo futhi okumele ithuthukiswe. Umuntu onokuzethemba uhlala njalo enenhloso ethile ngempilo yakhe. Izifiso ngempilo ziyinto ephela mhla kuphela umuntu. Ukushintshashintsha umsebenzi kusho ukuhambisana nezinjongo zalowo msebenzi. Uma ungumuntu ongazethembi ngeke ukwazi ukumelana nezinselelo zomsebenzi omusha.

Iningi labantu abaphumelelayo empilweni lisizwa ukuzethemba. Ukukholelwa kuwena yikona okukuvuselelayo kunoma yini oyenzayo kanti kuyinto ongazakhela yona ngokwakho.

1.1.1 Ngabe kuliqiniso noma umbono ukuthi ukuzethemba akuyona into ovuka usunayo? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.2 Nika igama elifanayo nelithi izinkinga (likhiphe endabeni). (1)

1.1.3 Chaza ukuthi usho ukuthini umbhali uma ethi "umuntu okwazi ukuhlalisana kahle nabanye abantu akabi nako ukuzenyeza". Sekela impendulo. (3)

1.1.4 Yiziphi izinto okumele ukuba uzenze ngaphambi kokuba uthule inkulumo? (2)

1.1.5 Yikuphi endabeni okukhomba ukuthi umuntu ozethembayo akanalo ubandlululo? (2)

1.1.6 Kulo musho olandelayo "Izifiso ngempilo ziyinto ephela <u>mhla kuphela umuntu</u>." Nika igama elilodwa elichaza leli binzana lamagama adwetshelwe. (1)

1.1.7 Tomula isisho esisesigabeni sesithathu esikhona endabeni uphinde usichaze ukuthi sisho ukuthini. (2)

1.2 Bhekisisa lesi siithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



| | | |
|---|---|---|
| 1.2.1 | Obani ababhemayo esithombeni? | (2) |
| 1.2.2 | Yini ekhombisayo esithombeni ukuthi le ntsha ayihlupheki? | (2) |
| 1.2.3 | Ngabe laba bafana abasesithombeni ngokucabanga kwakho baphakathi kweminyaka emingakhi? Sekela impendula yakho. | (2) |
| 1.2.4 | Ucabanga ukuthi kwenziwa yini uMagida avale amehlo uma ebhema? | (2) |
| 1.2.5 | Kuyisibonelo yini ukuvezwa kwabantu besilisa kuphela esithombeni bedla izidakamizwa? Sekela. | (2) |
| 1.2.6 | Kungaba namphumela muni ukungabhemi kukaPantsula kulaba bangani bakhe ahlezi nabo? | (2) |
| 1.2.7 | Kuliqiniso yini ukuthi wonke umuntu odla izidakamizwa uba nesibindi futhi abe ngumdlwembe? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. | (3) |
| 1.2.8 | Yisiphi isibindi okukhulunywa ngaso kulesi sithombe? | (1) |

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese usifingqa ngamagama akho angama-20 kuya kwangama-30.

Abantu abaningi badonsa kanzima uma inyanga isiphakathi ngenxa yemali abayiholayo, futhi behlulwa ukulawula indlela yokusebenzisa imali. Ngeke wakwazi ukulawula imali yakho uma ungazi ukuthi uyisebenzisa kuphi futhi kanjani. Kumele ukuthi ukwazi ukuhlela izindleko zakho, okwaziwa ngokuthi ibhajethi ngolimi olwejwayelekile. Uma ufuna ukugwema ukungena ezindlekweni, zama ukusebenzisa imali onayo noma oyitholayo ukuze wazi ukuthi ishona kuphi. Lokhu kudinga umuntu abe neso elibukhali ezimalini. Ukubhajetha kwenziwa ngisho abantu abacaphuna kusale.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

Thina sidlala kakhulu ibhola lomphebezo. Abafowethu bona badlala ibhola lezinyawo. Ibhola lomphebezo limnandi kakhulu. Uthisha uyavumelana nathi ukuthi lo mdlalo uthandwa kakhulu ontanga yethu. Phezu kwalokho ezikoleni bayasikhuza ukuthi singakhonzi ukudlala kakhulu ukwedlula umsebenzi wethu wesikole, ikakhulukazi uma sesizohlolwa. Othisha bagcizelela ukuthi sizinike isikhathi sokubheka izincwadi zethu.

Ngamaholide kaKhisimuzi singadlala size sidele akukho okungasiphazamisa ngoba zisuke sezivaliwe izikole. Ngalesi sikhathi asitholakali emakhaya abazali bamemeza baze bashe amazwi singekho sisezinkundleni zemidlalo. Usithola sesikhathele sesihlezi dekle otshanini. Ubabekazi uthi singonga imali uma singase sihlale ekhaya ngezinye izinsuku. Umama yena uthi ukudlala kuhle ngoba kwenza imizimba yethu ikhule kahle.

3.1 Funda imisho elandelayo bese uveza ukuthi izakhi ezidwetshelwe zikhombisani.

3.1.1 Lo mdlalo uthand<u>wa</u> ontanga yethu. (1)
3.1.2 Uthisha uyavumel<u>ana</u> nathi kulo mdlalo. (1)
3.1.3 Ubabe<u>kazi</u> uthi singonga imali. (1)
3.1.4 Ba<u>zo</u>dlala ibhola lomphebezo ngamaholide. (1)

3.2 Lungisa le misho elandelayo ukuze ifundeke kahle.

3.2.1 UZule ulibele ukuphuzana naamanzi. (1)
3.2.2 Ubaba uthi akugubhwe umgodi wokufaka udoti. (1)
3.2.3 Izitsha ezinkhulu ziphukile. (1)
3.2.4 Kufike umama wazokuaba umsebenzi kabusha. (1)

3.3 Kule misho elandelayo kukhona amagama apelwe ngesiNgisi bhala futhi umusho usuguqulele igama negama olimini lwesiZulu:

3.3.1 Vala iwindow ukuze kungene umoya.
3.3.2 Isigebengu sijahwe ipolice laze lasibamba. (2)

3.4 Hlanganisa le misho elandelayo kube umusho owodwa.

Izikole zivaliwe.
Izingane zidlala imini yonke. (2)

3.5 Phinda ubhale lesi siqeshana esilandelayo usugcwalise ngamagama afanele ukuze sifundeke kahle. Khetha izimpendulo kula magama alandelayo:

| |
|---|
| iqanda; izibulo; kusale; nadaka; fuze |

UNdaba wayengumnumzane owayengumacaphuna (a) … daweni yakubo. Abanumzane bendawo babemthanda ngenxa yomusa nobuntu ayenabo kubantu. Wayebusiswe ngezingane ezine. (b) … kwakunguNozipho, elanywa abafana abathathu. UNozipho waye (c) … umama wakhe ngobuhle. Wayengemude kodwa emi kahle. Ubuhle bukaNozipho kwenza ukuthi uNdaba amthande futhi amphathise okwe (d) … . Izinsizwa zazingacabangi ukumshela uNozipho ngoba kuyise lwalungafakwa lubuya (e)… . (5)

3.6 Bhala amagama amqondofana nalawa adwetshelwe emishweni elandelayo:

3.6.1 Abafundisi bagcizelela inhlonipho kubafundi. (1)
3.6.2 Uwashise onke amabhuku angasasebenzi. (1)
3.6.3 Sithola sesidiniwe sihlezi dekle otshanini. (1)

3.7 Funda isiqeshana esingezansi bese ubhala amagama aphikisana nalawa adwetshelwe.

Abafana balusa izinkunzi zodwa emadlelweni bese kuthi omama bapheke ukudla kwasemini. Izikhukhukazi ziyathanda ukuzalela phezu kwezihlahla bese umalumekazi ewaqoqa amaqanda engakafumanyelwa awanikeze isalukazi sasekhaya. (5)

3.8 Izenzukuthi ziveza ukuthi into ethile injani noma yenzeke kanjani. Qondanisa u-A no-B ukucacisa lokho. Bhala amasimboli kuphela.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|
| (a) Dekle | A. mnyama | (1) |
| (b) Bhuqe | B. ubu(manzi) | (1) |
| (c) Te | C. hlala | (1) |
| (d) Ntinini | D. ukukhanya | (1) |
| (e) Bha | E. ukugijima | (1) |

**[30]**

**UMBUZO 4**

Fundisisa lesi sikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

INDALI! INDALI! INDALI!
WASHIYWA BO!

Kuvulwe isitolo esisha edolobheni.

Izimpahla zokugqoka **ziyabuthwa.**

Phuthuma mthengi. Zifikele mathupha.

*Imbila yaswela umsila ngokulayezela.*

4.1 Kungani igama indali libhalwe kwaze kwaba kathathu ngombhalo omkhulu? (2)

4.2 Lihambelana kanjani igama "ziyabuthwa" nesihloko? (2)
**[4]**

**UMBUZO 5**

Funda isiqeshana esingezansi uzokwazi ukuphendula umbuzo olandelayo.

**KUBOSHWE IZIGEBENGU**

Ngokusa kwayizolo kubanjwe izigebengu ebeziphethe izibhamu. Kutholakele ukuthi bezilwa namaphoyisa. Kwaze kwadutshulwana kwafa umuntu oyedwa, ababili balimala. Kuthiwa laba ababili bayalulama esibhedlela. Bazovela enkantolo uma sebeluleme ngokugcwele.

Khipha amagama ayisi-6 ahambelana ngqo nesihloko salo mbiko. **[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**